


**UmHlonishwa NP NKONYENI, iLungu lesiShayamthetho**

UMphathiswa wezokuHlaliswa kwaBantu nemiSebenzi yoMphakathi

# SIKHULISA IKWAZULU-NATALI NGOKUHLANGANYELA NGEZINDAWO ZOKUHLALISWA KWABANTU EZISIMEME



**UMnu MOS ZUNGU**

InHloko yoMnyango



uMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu KwaZulu-Natali wakha amadolobha namadolobhana lapho abantu abangahlala, basebenze, badlale noma bathandaze khona. Umsebenzi we-Cornubia Phase IB, osesithombeni ngenhla, nezinto zokuzilolonga zezakhamizi, iwumphumela wenhlanganisela yezinhlelo zoMnyango zokuguqula izindawo zokuhlaliswa kwabantu zibe yizindawo okuhlaleka kuzona nezisimeme ngokohlelo lokuhlaliswa kwabantu.
Lo msebenzi, ozoba nezindlu ezingu-28 000 uma sekuphothuliwe, kuze kube manje sekunezindlu eziwu-2 662 esezinikwe, zadluliselwa emphakathini esiGabeni 1. Sekuphothuliwe ukuhlelela izindlu ezingu-3 291 esiGabeni 2A kanti ukulungisa iziza kuzoqala ngoNhlangulana 2020.



Ukwakha eJika Joe Community Residential Unit (i-CRU) Project kuMasipala waseMsunduzi. Lo msebenzi uzophucula izimpilo zabantu okumanje bahlala ezakhiweni ezakhiwe ngamaplangwe nothayela okubenza babe sengozini yezimo ezimbi nangokwempilo.

## UMBONO WOMNYANGO:

Ukubuyisela isithunzi nokudala amathuba okuthi kuhlaleke kahle ngezakhiwo zokuhlala ezinokubambisana, ukulingana, ukuhloniphekа nokudidiyela

human settlements
Department:
Human Settlements
**PROVINCE OF KWAZULU-NATAL**

# UMUNTU NGUMUNTU NGEKHAYA